Asizange siyithole inkululeko ngaphandle kokuzabalaza, kwafa abantu abaningi abanye badonsa iminyaka eminingi ejele. Bangingi futhi abalahlekelwa izihlobo, izindlu zabo kanye nayo yonke impahla yabo njengoba kwadingeka babaleke ukuze basindise izimpilo zabo nokuvikela izingane zabo. Amaqhawe kanye nabaholi abadumile bayakhunjulwa kanti nezindaba zabo ziyaziwa. Bangingi abesifazane ababa neqhaza bahlukumezeka kulesisikhathi sodlame. Sekuyiminyaka engamashumi amane kusukela kulesosikhathi kodwa laba besifazane sebekhohlakele. Intsha yalapha emiphakathini yethu KwaZulu-Natal Midlands, eMgungundlovu kayibazi abantu besifazane ababeyizishosho, abavikeli bezingane nabantu abasha, abanye bashiya izindawo ababehlala kuzo beboleka bazokwakha enzindaweni ezintsha nemindeni yabo.

Lezi yizindaba zabantu bangempela ezixoxwa abanye besifazane baseCaluza abasinda kulezi zikhathi zodlame. Sacela laba besifazane ukuthi bavume ukuqoshwa kwalezizindaba. Savumelana ngokuthi izindaba zabo zizoshicilelwa ngokuhamba kwesikhathi. Ukuqinisekisa ukuthi bakhululekile ngokushicilelwa kwezindaba zabo sabafundela esikuqophile. Leli kwakuyithuba labo lokwengeza noma yikuphi abakufisayo, bashintshe lapho befisa ukushintsha khona noma bakhiphe amagama abangathandi mawaqoshwe. Lezindaba zixoxwa yibo laba besifazane, akuzona izindaba zethu futhi sisigcinile isithembiso sethu sokushicilela ukuze nabanye bezwe amazwi abo ngokufunda lezizindaba.

ICaluza ingaphezu nje kosebe lomfula uMsunduzi e-Edendale. Kungaseceleni komgwaqo okhuphuka

ngoMpumuza uye eSweetwaters. Lokhu kwakusho ukuthi imiphakathi yakhona yayingomakhelwane ngaphambi kodlame kodwa iMpumuza yayiyindawo yendabuko lapho abantu abaningi khona babengamalunga eNkatha kanti umphakathi waseCaluza omningi wawuhambisana ne-UDF.

Sacela laba besifazane ukuthi bavume ukuqoshwa kwalezizindaba. Savumelana ngokuthi izindaba zabo zizoshicilelwa ngokuhamba kwesikhathi. Ukuqinisekisa ukuthi bakhululekile ngokushicilelwa kwezindaba zabo sabafundela esikuqophile. Leli kwakuyithuba labo lokwengeza noma yini, bashintshe noma yini noma bakhiphe amagama namazwi abo. Lezi zindaba zingamazwi abo, akuzona izindaba zethu, futhi sisigcinile isithembiso sethu sokuzishicilela ukuze nabanye bezwe amazwi abo kulezindaba.

EMMA SHEZI (MAZONDI)

Uma ngisuka kwaMpumuza
ngiya eCaluza
ngangineminyaka
engama-50. Ngizalwe ngo
1932 noma nginga sayikhumbuli
inyanga. Amantombazane
esasibambene nawo uMaZondi,
noMaMnguni yibona abantu
esasihamba nabo lendlela futhi kuze
kube yimanje. Mina ngangizisebenza.

Ngokuzalwa ke mina
ngazalelwa eMkomaas, ngakhulela
kwaMpumuza. Ngasebenza
eMaritzburg kulapho ngathola khona umkhwenyana waka
Shezi engashada naye. Ngihlalile naye kwaze kwasuka
ipolitiki. Ngangi ngakhile mina la eCaluza kodwa ngangakhe
kwaMpumuza, ngasuswa yipolitiki phakathi kwe ANC
neNkatha ngoba kwaziwa ukuthi mina ngifikele edolobheni
ngabe sengiba nolwazi nge ANC. Umkhwenyana wami naye
wabe eseyashintsha waba yi ANC sisekhona kaMpumuza.

Ngangineminyaka engu-50 ngesikhathi besishisa sabe
sesiyathutha sayohlala eCaluza kuze kube yimanje. Uma sifika
eCaluza sizokwakha khona, yasuka ipolitiki sihlala esontweni
sibalekela Inkatha. Sabe sesiyabuya ngoba sesibona ukuthi
izingane sezikhulile futhi sizishiye zodwa le, oGundane babe
sabancane. Impi yalapha yayiba nezikhathi esuka ngazo,
yayingasuki zonke izinsuku kuze kutholakale ukuthi akusaphekwa
akusenziwa lutho, cha. Abanye babehlala esikoleni thina sihlala



esontweni. Uma sesibuyile sesingapha kwasho ukuthi izingane zami basazilandela, hayi-ke bamdubula umfana wami la emgwaqweni engakhe ngakhona. Lapho ngakhe khona manje, yilapho ayelele khona ese yisidumbu. Ngabe sengizitshela ukuthi cha manje angisayi ndawo ngiyahlala la, nami uqobo sengiyofela la. Umfana wami wadutshulwa yiphoyisa, akadutshulwanga abantu beNkatha. Bafika bephethe isitsha bethi bazofaka u poison edamini lalapha kulendawo, izingane zabe seziya kovimba lokho. Ngesikhathi sibheke izingane ukuthi yizona ezilwayo, kanti sikhohlwe amaphoyisa. Umntwana wami wadutshulwa yiphoyisa, ngabe nginamanga uma ngingathi wadutshulwa odlameni.

Sabaleka ebusuku, akekho umntwana wami owasala. Mina ngamba umgodi ekhaya wokuthi uma isuka impi, izingane zami zizophuma ngaphansi kwalomgodi engiwugubhile, bahambe ngawo baye ezansi eMvubukazi bese bephumela phesheya. Nangempela zenza kanjalo izingane, kanti hayi ukufa kusalandela, kwamthola ke ukufa [introducing her husband]. Ngangidayisa esikoleni u-Denis bamshaya...bashaya umyeni wabe eseyagula, wake wahlala esibhedlela. Babemqoba ngezinduku nayo yonke into. Yibona o 80s...Hawu kodwa-ke amaqabane athi phambili! Yibona o Maureen abangipha amandla okuthi ngiqinisele. Umntwana wakho ulele, manje sekulala indoda, khohlwa yinto esemuva sibheke phambili. Ngesikhathi kuthiwa asilande othayela, angisakhumbuli ukuthi kukuphi nendawo, nalo iThawini lalingakabi likhulu, kwaku seyindawana encane nje. Ngase ngingapha, kodwa angisakhumbuli unyaka. Phela u Maureen abantu abaningi bebesithatha njengezihlobo ngoba uyingane ka aunty wami, siqhamuka e Mkomaas. Sesihlale naye yonke leminyaka futhi asixabani, ukuphela nje ngimthathele nayi indoda. [uhleko].

Umfana wami washona kuqala kunomyeni wami, kwashona umfana wami kuqala kwathi emva kweminyaka emibili eshonile

kwashona umyeni wami. Mina nganginabantwana abawu 5,
 bashona ngesikhathi sodlame...omunye bambulala kwaPata...
 Amagama abantwana bami kwakungu Mpumelelo omdala,
 Nkosenye, Zibonele, Neli bonke laba sebashona, manje ngisele
 nomntwana oyedwa. Lona oyedwa osele useshadile uhlala
 kwakhe. Angisayikhumbuli iminyaka kodwa akhona ama
 death certificates abo. Bashona bonke babelandelana kodwa
 intombazane yagula, kona ngike ngahlupheka mina kakhulu.
 Ngoba yabuya emsebenzini e Hilton wafike nje wathi mama
 ngikhathele kodwa angiguli. Ngathi kuyena ukhathazwe yini,
 wathi ngikhathazwe wumsebenzi. Wayesebenza epulazini,
 naye wathi uma engishiya, wangishiya nezingane ezintathu.
 Zazizincane kakhulu ngoba okunye kwakukuncane, loyo baqeda
 kumbulala nje eMthatha. Konje owesingaki manje lonyaka
 uZwe eshonile? Owesithathu unyaka eshonile. wayehambe
 nentombi kanti intombi inesoka ngakubo. Umntwana wami
 ngagcina ukukhuluma naye kuwu 12 emini...namanje kubuye
 kuvuke emoyeni ngoba uma ngibuka I cell phone yakhe nayo
 engavele ngayithatha ngayijikijela laphaya kude. Wagcina ngo
 12 ukukhuluma nami kuleyo phone ethi, mama sesifikile, kanti
 usesholo ukuthi uzongilanda la. Ihhee...mntanami bangishisela
 izimpahla ezinjani nje, ihhee...Phela mina ngahabula eSobantu,
 e-Dark City kulendlu yokuqala, ikaMbambo isibongo
 sakhona. Uma ngisuka eMkomaas ngaya kohlala eSobantu
 emzini kamkhulu wami ngoba ngangisebenza e Scottville.

Baningi esasihlangana nabo ebusuku, kwakuthiwa nje
 siyohabula ngoba yayingakhulunywa indaba yepolitiki.
 KwaMpumuza ngafika sengishadile. Umyeni wami angizange
 ngithi akangilandele kwipolitiki, mina ngangingasho ukuthi
 asihambeni, kwakuba yilowo nje othandayo othi mina
 ngiyathanda ukulandela lenhlangano. Kwakumnandi ngoba
 noma usesimweni esingasihle sasikwazi uku kusingatha,

sasixoxa njengomakhelwane. Nami ngangibatshela ukuthi asibambaneni sibe wumuntu oyedwa. Uma kukhona lapho kushonwe khona sizopheka amahewu, sibalalise labo abashonelwe, sisize nje lapho kufanele khona... Hawu noMaMnguni umakhelwane wami naye bamshisa, sasithenga impahla efanayo sithanda nje ukufaniselana ngisho nangama fenisha.

Hayi I COSATU yayikhona yangisingatha ngesikhathi kushona abantwana bami kanye nomyeni wami. Ngikhumbula nje uNgidi omunye owayekhona.

Saqala sapheka isobho silapha ka Mrs Mkhize lihambisana nesinkwa, kwakuthi uma kuphuma isikole kunikezwe izingane lelosobho nesinkwa eziphuma esikoleni. Kodwa sabuye sabona ukuthi cha siyazigqilaza ngoba ezinye ziphuma ziye ezindaweni ezihlukene, manje kungcono sihambise lokudla esikoleni nge break. Kodwa sasenzela izingane ezincane hayi laba asebebadala. Lokho kudla sasilethelwa kona, kodwa emva kwesikhathi u Mrs Mkhize wagcina esengifundisa ukuthi ikuphi nakuphi lapho kufanele ngiye khona uma ngiyolanda amasobho. Sahamba ke naye saya lapho, kwatholakala ukuthi isitolo salawomasobho sise Scottville, saya khona, hawu manje ke iphi imoto yokuwathatha. Kodwa e Scottville sase siyolanda ukudla qobo, uma ngifika esitolo bangibuza ukuthi yimina yini ozothatha ukudla, ngavuma. Kwase kuthiwa kufuneka imali, wathi u Mrs Mkhize kimina, hamba uye e bank uthathe imali engaka. Uma sengifika nemali kanye ne list, ngafika labelungu abakaku hlukanisi ukudla engizokuthatha, base bengibuza ukuthi nginayo yini imoto. Ngithi yebo ikhona imoto, bathi awulande imoto ke, imoto yaphindela kabili ukuyolanda ukudla. Manje sizokwenza njani lokhu kudla uma sesifike nakho ngoba no Mrs Mkhize uyahamba uya emsebenzini, kulokudla kufanele siphekele izingane. Sasiphekela zonke izingane kwakungakhethwa, uma nje ikulesikole. Sasipheka amasobho nezinkwa, ngelinye ilanga kudliwa amakhekhe. Kulamakhosikazi aphekayo, wathi

u Mrs Mkhize mina ngazana no Happy anginazi nina, lalelani ke makhosikazi. I load yokuqala izosala la, eyesibili sizoyicaza sonke njengoba silapha ukuze niphathe ukudla kwasemakhaya. Okunye ukudla sakuhambisa ka Mbanjwa umfundisi owayakhe lapha ngaphesheya, manje wawudla ngoba kukhona okusalile. Hayi ke konke kwaqhubeka kahle, siyambonga bandla impela yena ngoba wasilethela ukudla. Sasingakhethi ukuthi umntwana owe Nkatha noma i-UDF. Yayizwa futhi ibona nezayo izingane, abanye bajika khona lapho. Mhlawumbe uzwe ngomuntu ethi uyabona uma wehla ebhasini eThawini ungangishiyi, bese ubuza ukuthi uya lapho ngiya khona yini. Athi yebo ngoba iyona ndlela esasikhuluma ngayo leyo. Sasithi ungabombuza umuntu ukuthi uma ethi ungangishiyi, ukulindeleni ngoba uyazi naye ukuthi ngiyaphi, sihambe sonke siye emhlanganweni kodwa angisabazi abaningi ngoba iningi selashona.

Into eyenza ukuthi banginombole yingoba kwaku hlanganelwa kwami, labantu ababekade beshawa kanye noMaZondi babe balekele kwami, kuthi uma sebethole izindawo zabo zokuhlala baphume. Kwaze kwagcina sekunabafana ababaleke ezindaweni zabo abase behlala kwami, kuthi uma sebethole izindawo zabo bahambe.

Ngelinye ilanga kwake kwafika amaphoyisa evutha bhe kwami, kwakune drum emnyango elalinamanzi, bafike balichitha ngoba bethi bazochitha intelezi, behamba nabantu beNkatha. Bafike bangibuza ukuthi ikuphi intelezi, ngathi angazani nantelezi, ngiyabona babethi izinto eziningi zenziwa kwami. Sasingalali noZulu, ngelinye ilanga kuyisebusika ngabo 1987, kwafika amaphoyisa asikhiphela emnyango asiklelisa nezingane bangene endlini bethi bafuna izibhamu, bapequlule bashiye kanjalo bengatholi lutho. Kodwa into esayi noticer ukuthi babethintithela phansi yonke into ebhaliwe, bese sibona ukuthi bafuna into ebhalwe I ANC ngoba angeke ufune isibhamu emaphepheni. Kanti ngesikhathi sihamba imihlangano no Phumzile babesitshela

ukuthi singabhali lutho phansi silalele nje kuphela, ngoba into ebhaliwe iyabophisa. Manje sasingabhali lutho, sasixoxa ngemilomo namanye amakhosikazi esasihamba nawo.

Nakubo kasibali wami kaMkhwanazi, angithi izinto zami ezazihleli khona zashela khona. Kukhona lapho sasimile khona, mhla ngibona unyawo lwalendoda lundiza phezulu... angithi simile lapha siyacabanga nabantu bayadubulana... Ngezwa kuqhuma isibhamu kungathi siqhuma kimina, uma ngisathukile kanti hayi nakhuya la sithunyelwe khona ngoba sengibona unyawo lundiza phezulu. Base bemthathile emngceleni lapha...angithi izingane zazihlala lapha ubusuku bonke zingadlile kuze kube semini zigade imizi.

Mina nginakho konke ngisho ne khadi. Kusukela lapho ke nje, uma ukhuluma ngabantu besifazane ukhuluma ngento engiyaziyo, ngayibamba nje unomphele. Bakhona... Namanje abanye bathi wozani nisithathe ngoba sase singena umuzi nomuzi...

Kwakuthiwa hheebhu! Mina nje ngicabanga abantwana bami ngibavulela umgodini yokucasha, kunento engangiyitshalile esithayo. Babekwazi ukumbona umuntu uma ezongena, ngesikhathi efika egijimela endlini, bona baphume bangene emgodini wabo babaleke beze eCaluza.

Ihhhee...ngabona omunye umfana wakaMthalande khona lapha eMpumuza esehluphekile. Wathi hawu gogo, ngathi ihheee...uzazi zonke izimpahla zami ukuthi zikumuphi umuzi ngoba babethutha, kodwa nanithi nina nenzela ukujabula. Hayi kwami bashisa imbijana nje, okunye bazithathela kona.

UmaMnguni lapha phesheya sasibambisene kanti uyi Nkatha. U-Dr. Ngobese wahamba ngesikhathi sekukubi waya kaCeza. nenza kahle ngoba amanxeba ayadinga ukuthunukwa ukuze ukhumbule... U Mrs Mkhize owazi kahle. Ngeke ngikhothlwe nhlobo kodwa ngiyaya ka Mpumuza. Abazukulula nabantwana bami sebezwa ngokutshelwa nje, kanti futhi manje bayawuthenga umhlaba kodwa kukwami lapha.

Mina isibongo sami ngingowaka Ndlovu (MaNdlovu). Thina u- Mrs. Mkhize no Happy basifice ngendlela, bona baphenduke sesikhona... Baqhamuka la bona kuma 80s, ngicabanga ukuthi kwakula ko 86, 87 ngoba siqala ukuba nabo mina ngangi yongcwaba uSdumo. Umngcwabo wakhe wawuphumela e Welcome nabo babekhona ngalelolanga. Ngesikhathi sama 80s babesasonta o Happy no Mrs Mkhize begqoka ama blouse a blue, uyakhumbula? Babengama kholwa amakhulu kabi. Ngesikhathi singcwaba uBhanisi babengakabi khona, uBhanisi wayebulewe yiNkatha ngabo 80, 81. Kodwa ke asibe sisasho lutho ngoba babuye bathi yibona aba recruiter thina [kuyahlekwa].



Kwakushintshwa amaKula ngoba babebizwa ngamaKula bonke laba be-UDF. Kwakuthi ngesikhathi kushiswa imizi yabo amakhosikazi eNkatha amemeze athi, asha amaKula! Wawusihlanganisa nje, uma kuqhamuka amaphoyisa sicule amaculo esonto. Kukhona nogogo wangale kaKhuzwayo esasihlangana nabo sizoxoxa izindaba zesonto.

Kwase kungu 1994 lapho ne ANC seyivulwe umlomo, kodwa thina saqala sisahlangana ngokweba ukwakha imihlangano sigade amaphoyisa. Uma efika kithina amaphoyisa asifice sicula amaculo esonto, kwase kuthiwa kufanele siyojoyina Inkatha... Qhubeka lapho ke MaZondi. Umuzi nomuzi kwakuthiwa awujoyine

Inkatha, uMaZondi wangayijoyina, base bemlandela. Imizi yonke engayijoyinanga Inkatha yabhalwa phansi, uMaZondi wavelela ke kwathiwa uyena oqhamuke nalelivangeli. Nomakhelwane bakhe abaningi kodwa sebashona abanye, nabo abayijoyinanga Inkatha. Manje into eyenza ukuthi alandeleke kuze kushiswe umuzi wakhe kuqala yingoba akajoyinanga kwase kuthiwa uyena oze nalento.

Ngesikhathi eseshonelwe wumfana wakhe owadutshulwa yiphoyisa, lapho sase sihlanganile saxoxa ngokuthi abantu bayafa, manje kumele sihlangane si support ama comrades. Uma kukhona oshonelwe, kufanele sihlanganise imali ukuze kungcwabeke lowomuntu. Umuntu kodwa wayekhipha lokho anakho, ngoba nemingcwabo yayingakabizi kangako. Sithe sesihlanganisile labo R2, R1 sakwazi ukungcwaba ingane kaMaZondi. Umuntu kodwa owayesisiza kwakungu Msimang ngoba wayengumngcwabi. Thina sasifika nayo ke ku Msimang lemali okungo 5c 10c, kusuka nakwezinye izizinda sifike sihlanganise leyomali...uma sesiyihambisa leyomali sifike simnike singayibalile nokuyibala, sasivele sithi khahla! Naye uMsimang wayengakhulumi lutho, kunalokho wayevele akhiphe ibhokisi. Kuthi ama comrades lawa anama khumbi wona akhiphe amakhumbi sakwazi ukuya emngcwabeni wengane kaMaZondi, kodwa nje futhi kwase kuyiyona ndlela yokungcwaba.

Angikaze ngisebenze mina ngoba indoda yami yayingamfuni umuntu osebenzayo, ngangiwu house wife. Ngathola abantwana okungabafana namantombazane, amantombazane asashona kwasala abafana bami ababili. Bashona bezelwe nje, babe ngamawele. Kwase kuthi umfana wami omdala washona ngo 2007, washona nje esenomakoti. Yebo ukhona kwakhe lapha ngakaMaZondi.

Abazukulu bahlala konina, umfana omdala wayena bantwana abathathu, kwathi enye yalezingane wayeyithole entombini bese kuba abantwana basemshadweni. Wayeshade intombi yase

Sobantu nje... USinithile Magwaza awumazi? Lapha kaMnguni okwakuthiwa yikamhlaka 15... [Kuyahlekwa]. Umlingani wami ke loyo. USinithile sewashona naye, ukhwenyana wakhe washona ngo 2007, yena washona ngo 2010. Babenengane eyodwa yomfana, yathathwa yi family enye yethu eseGoli kamfowabo kaZulu umkhwenyana wami. Kwasuke kwaba nesikwirikwiri nje...kuhlezi kodwa kushiwo ukuthi ungalinge uzeke intombi yase Sobantu [kuyahlekwa], ngoba kuthiwa izigebengu. Nami ngazibonela ngesikhathi sekushone umfana wami. Wahamba waya ka Master wafike wathi uyena obefundisa izingane ebondla, manje angazi wayemondla kanjani uthisha. Savele sangamlwisa nobaba wasekhaya samyeka kanjalo, akusenandaba.

Ngalibamba iqhaza emzabalazweni, kodwa mina ngithanda ukuyisusa emuva lapha ngabo 1972/73 lapho uhulumemi wayethatha izindawo lapha e Edendale. Ekhaya kwakunepulazi, uhulumeni walithatha nje, wasinika futhi imali ethandwa uyena. Uma eseyithathile, wabe eseyabuya ke upoyinande wathi asisuke la sasakhe khona, bayosifunela indawo lapha ngase Bongudunga. Lapho imizi yayingakabi khona, uhulumeni wathi asiyohlala le kaDambuza sisuke lapha, hayi ke sathi asisayi ke lapho. Kulapho nga leader khona I delegation, ngaqoqa abantu esasakhe nabo saya kaPoyinande ku Town Manager. Ngafike ngamtshela ukuthi asiyi ndawo, asiyi nje lapho kuthiwa asiye khona futhi sasibaningi, naye u Town Manager wabona ukuthi sibaningi wabe esethi asihlale. Kusukela lapho ke ngabamba iqhaza nami, ngoba futhi umyeni wami wayedayisa I New Age Newspaper ngabo 1959. Manje I New Age yayixoxa kakhulu ngepolitiki nami ngagcina senginalo kancane ulwazi ngepolitiki. Lelophephandaba ngangilifunda kodwa ngilifihle, noma sikhula nomyeni wami sase singenile kulento yepolitiki ngoba nangesikhathi sangabo 1972 kuthathwa izindawo kulapho sasheshe sabona ukuthi nakho ke manje sebeze bala. Ngicabanga ukuthi kwakungo 78 kuya ko 80s lapho kwafika

khona u Lulu Gwala ezosijoyinisa I NAWU (Natal Organisation Women's Union). Sajoyina ke nabo oMaZondi laba sesiya nase Thekwini lapho sase sihlangukhona nomama u Dorothy Nyembe, Phumzile Mlambo, Nozizwe noma ngingasasikhumbuli isibongo sakhe esisha lapho sasihabula khona. Nathi sase sivutha bhe ngomzabalazo wamakhosikazi ngoba sesichazelwe kahle ngalawa makhosikazi anga 1956 laba abagqiba amadiphu, kusukela lapho ke umzabalazo wasingena kwangempela no Mrs Mkhize wayengakafiki ngalesosikhathi. Kwakuthi uma kukhona oye emhlanganweni abuye azotshela abanye ukuthi bekuthiwani, saqhubeka ke kwaze kwaqala udlame ngabo 1980/81. Ukuqala kodlame kwaba yingesikhathi kufike Inkatha lapha e Lay Centre...

Kwakukhona u Dr Ngobese owayeyiNkatha lapha, kwathiwa bonke abantu abajoyine Inkatha. Kwafike kwamemezela imoto la ithi asipheleleni sonke e Lay Centre kuzokhulunywa ngezindaba zesizwe. Uma sifika lapha hawu, yiNkatha lena esibizile la, kwasukuma ugogo oyedwa nje wase Edendale wathi heyi... Inkatha le! Hawu sasukuma sonke sagcwala umgwaqo, basala ke abasala. Uma sesihamba endleleni sicasukile nje ukuthi kungani sizojoyiniswa Inkatha, besikade sitheni nje, sazibuyela saya emakhaya. Ngesikhathi sesibuyile seza emakhaya, yaphinde yabuya Inkatha yazogcwala lapha esikoleni kuthiwa wonke umuntu olapha kulendawo akahambe ayojoyina, uma usalile kulaba abazojoyina esikoleni, uzohamba uyojoyina ka Dr Ngobese. Thina sathi asiyi lapho, kodwa abanye bajoyina kulendawo ngoba base beqgoka okhakhi, ngoba ngalesosikhathi wawubonakala ngokugqoka ukhakhi nebharethi efana nale ye EFF kodwa imnyama yona. Thina asiyijoyinanga nje nhlobo Inkatha kanti sinonjoliwe.

Kwathi ngawo ama 80s kwakhiwa umngcele lapha ngasemzini kaMaZondi kwathiwa...thina lapho sasakhe khona kwakuyilapho kuqala khona I Edendale. Kwathiwa ongapha ngakithina uyi ANC, ongale uyi Nkatha lapho kwashawha khona

oMaZondi ngoba sekuthiwa wonke amaKula awahambe aye e Edendale bese kusala bona ngale. Emva kwalokho kwakuthi uma uke wabonakala uza ngapha ngakithina bakushaye bakubulale, nangapha kwenzeka into efanayo, kwaqala manje impi ke kwaliwa. Uma unesihlobo kaMpumuza kwakuba wukuphela kobuhlobo ngalesosikhathi. Kwaqala kwashiswa imizi ngoba uMaZondi owakhe umuzi washiswa kuqala.

Ngicabanga ukuthi...angithi lempi ngo 88/89 kwathuleka nje kwangaliwa. OMaZondi bashiselwa imizi yabo ngabo 86/87, kwathi ngo 1988/89 kwathula kodwa akekho oya ngale noma oza ngapha. Kuthe ngo 1990 February kwaphuma uMandela ejele ne ANC seyivulwe umlomo, yaqala phansi impi kwaliwa, nakhona lapho sasingalwi kodwa sasise mgaqweni sijabulela ukuthi uMandela uphumile ejele. Ngesikhathi sisajabula la emgwaqweni, umuntu weNkatha wadubula engale, inhlamvu yafike yashaya phansi ngenhlanhla yangashaya muntu ngoba kwakushawa wonke umuntu ojabulayo. Manje kukhona lapho babezohamba khona oNtombela noma ngingazi ukuthi babeya kuphi, wathi amabhasi akhe avinjwe e Ashdown...

Kwathi ngabomhlaka 25 uNtombela wathi akuyi muntu emsebenzini kuwu Msombuluko. Kwathi ngoLwesibili baqala bashisa eminye imizi lapha eduze kwethu kaNkwanyana, nathi sezwa kuthiwa bathe bazoshisa yonke into. Kuthe ngoLwesithathu yangena impi, ngoLwesine kwaliwa laze lashona ilanga lapho nami bangishisela khona umuzi wami owawungu 11 rooms, baqala ngami. Babekhona o Reggie, Micky babefika impela abafana ngoba nabo babehamba baye e Eden babuye bazohabulisa thina, nathi emhlanganweni wamakhosikazi sasibuya sibatshele. Kulapho ke sahlangani khona nabafana ukuthi asihlanganiseni osheleni ngoba naba abantu bayaphela. I Seven Days War engikhuluma ngayo, impi yaqala kungu Msombuluko yaze yaphela ngeSonto, kodwa ngo Lwesine kwaliwa laze lashona

ilanga. Lapha esasakhe khona kwakushunqa intuthu ngoba futhi nemizi eshayo yayikhethiwe, ngoba omakhelwane bami abanye abazange bashiswe. Kodwa owami umuzi baqala ngawo bawushisa waba wumlotha, kodwa kwasho ukuthi ngakhe ngesitini manje akushi kalula, kodwa okwakusendlini kwasha kwaphela.

Kwakufanele ngoba kwakukhona umfana wakhona uSikhumbuzo Mkhwanazi esasigijima naye nentombazane uNomusa Mkhwanazi. Imizi yayikhethwa nje, babesuke betsheliwe ukuthi yilapha nalapha ngoba eminye imizi abazange bangene kuyona. Sabuya ke saya koqasha lapha e Landovile emva kokushiselwa, umfana wami lona owuthisha wathola indawo lapha... uyamkhumbula u Mrs Mnyandu wase Sobantu? Wayene boarding house eDambuza ngahamba ngaya kohlala khona. Ngahlala ke kaDambuza kusuka ngo 1990/91...

Saluthola ngoba sabhalisa sase sithola o R30000 ngayo leyominyaka... Ngahamba ngayovusa lapha kwami kwakushe khona, ngathenga othayela, futhi ngesikhathi sesibalekile abantu bayafika bazoqedela. Kodwa lowo R30000 wasisiza kakhulu ngoba sakwazi nokuthenga amafasitela, kwavuka kwaba umuzi. Usizi esaluthola ke lolo. Mina ngesikhathi sesibalekile kade kusha, umfana wami lona osaphila wahlanya ngenxa yodlame. Imali yayiqhamuka kwi ANC noma uMandela angazi... Sasibhalisile ku Truth Commission, kwakuthiwa yisho konke okukwehlelile. Yebo sayithola sesivotile imali. Ngikhohlwe ukukuxoxela ukuthi ngomhlaka 27 March 1990 bahamba nezinkomo zami eziyi 9... Hawu isibaya sami sasala si empty, izinja zami bazidubula. Sase sibalekile... Babecuphile nje ngoba bangena ngo 9 e Ashdown, 9 lapha, 9 eSmero ekuseni futhi babebaningi labantu.

Kwakuhamba amaphoyisa phambili, wawubona ngesicathulo ngendlela esipholishwe ngayo ukuthi amaphoyisa lawa, bese Inkatha iza namahawu. Uyamazi u Zephania Nene ongumseshi? Wadutshulwa ngalelo langa naye, uyena yedwa

owafa... Yi Nkatha, angithi kwavele kwashaya u 9 ekuseni...u Zaph wayezihlalele kwakhe nje wabona ngabafana sebegcwele kwakhe endlini, wathi uma ebuza ukuthi mfana kwenzenjani, akaphendulanga umfana washaya. Phela angithi umfana wayesetsheliwe ukuthi into oyifika ngale kocingo uyishaye yonke.

U-Zaph wayengelutho, wayengafuni ngisho ngoba wayeze asho ukuthi singabalekeli kwakhe uma sibaleka. Kodwa manje umfana wayetsheliwe ukuthi into ozoyifika ngale komngcele uyishaye uyibulale, no Zaph wafa kanjalo ke. Okumnandi ke wukuthi ngelanga sishiselwe izindlu sasime emgaqweni nabo noMaZondi namanye amakhosikazi, ngicabanga ukuthi kwakuyi Sonto izulu lalina. Kwafika abefundisi base FEDSEM simile nje emgwaqweni, abazange bakhulume lutho kodwa yilowo nalowo mfundisi wayebambe owakhe ngengalo basidonsa basiyisa esikoleni ngoba sasime eduze kwaso isikole. Uma sifika esikoleni sekuvulwe ngisho ama class, kwathiwa hlalani la, sekulungiswe nokudla...manje into eyayisikhalisa wukuthi hawu, saze sadla ngoba njengoba simile emgaqweni silambile kodwa akekho owayezizwa ukuthi ulambile, kwasikhalisa ngempela lokho. Kwathi noma sesicabanga nje ukuthi hayibo besimeleni emgwaqweni, simele indaba yanini ngoba sasimile nje.

Lona, u MaZondi wayenesibindi ngoba wayegijima ahambisele labafana ababelwa entabeni ahambise ukudla, lapho yase ibambene khona kuze kushone ilanga. Manje unyawo walubona lapho uhambise ukudla?

Ngesikhathi la sesijoyine I NAWU ngama 80s ngoba kukhona I conference esaya kuyona ngo 1990 ngesikhathi I ANC seyivule umlomo eyayise Port Elizabeth. Lapho sasiyokhuluma ngokuthi zonke lezinhlango ziyaphela kodwa seku zokwakhiwa inhlangano ye ANC Women's League. Kwathi sesibuya lapho saya e King Cetshwayo lapho sasiyokhetha khona o Nosiviwe... Khona lapho saphinde sajoyina I Midlands Cohalision Group

lapho ngahlangana no Fiona, sahlala futhi kuyona kumnandi. Saphinde sahamba saya kwenye I conference la kwakuthiwa kuyokhethwa ikomiti elisha le Cohalision, safika kungaliwa kanje eGoli, bathi oBathabile ayiqedwe lento iyini nje ngempela, sakhungatheka ngoba sifike siyi Cohalision. Sase sibuya ke noThobekile nani sazovusa ke manje I Midlands Women's Group, nalapho sadonsa impela ngoba ngisenaso nesikibha sakhona.

Kusukela lapho ke nje, uma ukhuluma ngabantu besifazane ukhuluma ngento engiyaziyo, ngayibamba nje unomphela. Yinqwaba eyasilandela kodwa bayafa, sasi recruiter ngempela...Ngoba ngalesosikhathi yayingekho inhlango yamakhosikazi, wonke umuntu wayejoyina u ANC kuphela. Kwase kuthi kamuva kwathiwa asijoyine I ANC Women's League, kodwa amakhosikazi ayevele ese organised.

Kodwa sakhethwa ngoba yithina esavula I branch yokuqala ye women's league sinoMaZondi, mina ngabuye ngaba wusihlalo we Natal Midlands Women's League.

Mina ngasebenza impela ngoba I KwaZulu Natal ngayihamba yonke sijoyinisa amakhosikazi, siya ko Showe, Richmond futhi kunendawo engangiqala nokuyibona ekwakuthiwa kuse Tiyeni. Uma sifika kuleyandawo abantu bakhona babengazi lutho, wonke umuntu wakhona uyi Nkatha, sasebenza ngampela sijoyinisa amakhosikazi. U secretary wami kwakungu Bathabile. Futhi ngalesosikhathi sasinemali ngoba kwakunemali esasiyinikwa njalo ngenyanga eyayiqhamuka kwi HQ (Headquarters). I women's league yayisinika imali ngoba sasine veni elasayinelwa yimina le Toyota, kwakuyimoto yamakhosikazi nje ayesebenza ngayo, sinikwa no R2000 noma R10000 ngenyanga kodwa kwakuyimadlana. Ngoba sakwazi ukuthi uma sesiphuma thina sekuzongena abanye sashiya esikhwameni sethu kuno R33 000 nemoto. Kodwa uyazi ke nawe ukuthi into wena ngoba umdala uyithatha uyibeke

phezulu, kufike izingane zithathe zibeke lapha phansi. Sathi nje siphumile kwaqala kwalahleka imoto futhi leyondaba yangalandeleka, kwathiwa cha kuqale kwalahleka I lock book.

Wahlanya ngempela umfana wami emva kokuthi kushiswe umuzi wami. Ngamuyisa esibhedlela e Eden bafike bamngqafaza ngoba akadlulelanga nasezinhlanyeni. Cha wayengasafundi, wahlanya ngo 1990. Usizi, lwami lalibuhlungu kakhulu uma kuphele inyanga ngizohola. Ngithi ihhhee...Nkulunkulu wami, ukuthi nokuthi ngabe angikuthengi ngoba ngabe umntwana wami uyakuthenga, ngithi ukuthi ngabe ubaba wakwami uyasiza kulokhu. Uzibone sewumelwe yingqondo.

Nami lomfana wami owayewu thisha uyena esasibambelele kuyena, kwahamba yena washiya thina. Kodwa loya R30 000 wasisiza ngoba sakwazi ukuvusa ikhaya. Kwathi yena noma ehamba washiya okunye kulenga, kodwa okunye kwase kwenziwe. Kukhona enye I family yami yakwaZulu ehlala khona manje kuleyandlu, kodwa ngiyathanda ukubuyela khona ngoba angijwayeli nje la, kwakumnandi lapha.

Bayi ANC. Eza MaZondi izimpahla zantshontshwa, mina ezami zasha nje. Naka Dombo baqala ngokuthutha base beyashisa. Kodwa konke lokho ukuthi bonke abantu ababengayona I ANC abanankinga bazihlalele emizini yabo, yithina nje esashiswa.

Oh, u PACSA ke lona owanikeza oMaZondi othayela, uyena uMaZondi owahola I delegation eya ka PACSA beyofuna othayela. Sasikade sinabo emhlanganweni kwashiwo ukuthi ka PACSA othayela bayatholakala, kodwa babengaka wushisi umuzi wami. Ngelanga abaya ngalo ka PACSA, kwafika leliBhunu elabulawa lapha e bhrijini. Lafika leloBhunu lazosiqoqa kuyimina, uDombo no Nomusa saya e Oribi siyobuzwa ukuthi kungani singajoyinile Inkatha, sathi akekho owafika wathi sijoyine. Wase ethi niyazi ka Dr Ngobese? Sathi siyakwazi, sathi sithe sizihlalele nje kwathiwa ongapha uyi

ANC ongale uyi Nkatha. Labuza ukuthi siyi UDF yini, sathi cha asazi lutho thina. Lase lithi asiye ka Dr Ngobese siyojoyina Inkatha, lathi uma kukhona abafikayo kithina angeke basenze lutho. Uma sifika ekhaya asikwazanga ukungena, safonela lona leliBhunu ukuthi asisakwazi ukungena ekhaya ngoba kwase kuliwa. Hayi ayishawanga kanje Inkatha beyikhuphula, kanti kulezozinsuku lizodutshulwa life leloBhunu, labulawa umuntu omnyama khona ebhrijini, kade lithi lizosijoyinisa Inkatha.

Ngesikhathi sise Lay Centre lapho kwasukuma khona inkosikazi yathi, yiNkatha le! Baya esikoleni bagiya baqeda bagwaza abantu la sebehamba, uyena owaqala impi u Dr Ngobese.

Kwakukhona neNdiya esasiya kulona eThawini silande izinkwa ezino jam siyopha izingane ema creche.

Sasingahlangani nemindenani ngoba kukhona umfana walapha kaZulu owayeshonile khona, bathi abantu bakhona soke sibone ukuthi somngcwaba kanjani, ake size phela. Wangcwatshwa eSinathingi, ngenhlanhla wayeshonele esibhedlela e Richmond wasuka khona waya kongcwatshwa eSinathingi, unkosikazi wangaba nenkinga uma esebuyela ngoba wayevele eyi Nkatha.

Kwabanye abantwana akukuhle nhlobo...Mina kukhona omunye umzukululu wami esathi sixoxa nje nge Nkatha ukuthi aghh, nayi le Nkatha. Wathi wegogo, yazi umkhulu wami unaso lesikibha esinezingulube ezintathu, echaza izindlovu ezintathu. Angithi akayazi lendaba yodlame nokuthi kwakwenzenjani. Umuntu nje esagcina simngcwabele ngo 10c ngoba sase sizwile ukuthi uBayede uyabangcwaba abantu abangenayo imali. Kwahamba isikhathi samcela manje umuntu ukuthi abuye azolala ekhaya.

UJABU BHENGU ONGUMGQUGQUZELI WALEZINGXOXO

Ngaphambi kokuthi ngixoxisane noMaZondi Shezi noMaureen Zulu ngase ngineminyaka engaphezu kuka-20 ngimazi uMaureen njengesishosho. Ngesikhathi sengxoxo yethu ngihlangane nosopolitiki ababili abanohlonze iqhaza labo elingaqhakanjiswa emzabalazweni. Laba bobabili banobudlelwane obunjengodade abakhule ndawonye abaxoxa ngendlela ekhombisa ukukhumbula izimpilo zabo. Badlule ezikhathini ezinzima ndawonye kodwa banokujabula nokugubha ukuthi abagcinanga nje ngikusinda kodwa baphumelela kulokho ababekholelwa kukona, inkululeko eNingizimu Afrika.

Okuqaphelekayo ukuthi laba bakhetha ukubamba iqhaza emzabalazweni, bangena ezikhundleni zobuholi bafundisa, bagqugquzela nabanye ekungeneni kwezomzabalazo wenkululeko. Bakhokha inani eliphezulu ngalokho. Bahlaselwa ezindlini zabo, kwabulawa amalungu emindenini, balahlekelwa amakhaya nezimpahla zabo futhi baphoqelesa ukuba bashiye amakhaya abo. UMaZondi wabaleka kwaMpumuza waya eCaluza ngemuva kokushona komyeni wakhe nendodana yakhe. UMazondi wasokola ngoba wayengasebenzi abekade bemondla sebeshonile. UMaureen wathuthela khona eCaluza endaweni ephephile.

Laba ababili besifazane banobuhlakani obukhulu. UMaZondi wagubha umhubhe lapho izingane zakhe zazibaleka ngawo ziye endaweni ephephile. Bakwazile ukweseka izisulu zodlame. Babeqoqa imali emphakathini ukusiza abashonelwe ngosizo lukaBayethe kanye noMsimanga Funeral Undertakers. Bathola usizo ku-PACSA, COSATU nabanye osomabhizinisi baseMgungundlovu ababenikela

ngokudla ukuze bakwazi ukuqhuba, iSoup Kitchen yezingane zesikole. Ngesikhathi senhlolokhono uMaurren ubeyingxenywe yephrojekthi yomphakathi lapho belima eduze komfula uMsunduzi eduze kwaseCaluza Clinic.

Laba besifazane abasoze bakhohlwa okwenzeka kubo nasemindenini yabo. Akulula ukukhohlwa ngoba basendaweni lapho besahlangana nabantu abaphazamisa izimpilo zabo baphinde babaphuca abathandiweyo babo. Balangazelela ukubuyela emizini yabo ababehlala kuyo ngaphambi kodlame.

ZENZEKA KUPHI LEZINDABA

Indaba ye-GREATER EDENDALE isuka kudala ngaphambi kwezikhathi zombango wezepolitiki nomzabalazo ochazwa yilaba besifazane. Ababusi baseBrithani babefuna izizwe zihlale ngokwehlukana. Indawo yokuqala e-Natali eyabekelwa abamnyama kwaba ngo-1846 i-Zwartkop/Swartkop (Ngaphezulu1). Lokho kwakusho ukuthi uhulumeni ophethe wawungakwazi ukugcina izinhlanga zihlukene futhi ulawule ama-Afrika. Ipulazi elingama-hector angaphezu kuka-6000 eliphakathi kwe-Zwartkop noMgungundlovu okwakungela-Andries Pretorious nalo ekwakuyindawo yokuhlalisa abamnyama lathengwa umfundisi waseWesley uJames Allison ngo-1851. Kwmuva labizwa ngokuthi i-Edendale.

Abahlala kulendawo eyathengwa u-Allison babebizwa ngokuthi ngamakholwa (abaguqukile). Amakholwa akwazi ukuthola umhlaba namatatiyela lapha. Lawa amakholwa abambe iqhaza elibonakalayo empilweni yengqondo namasiko yaseNatali ngisho nasezingeni likazwelonke. Lesi kwaba yisiqalo seqembu elidumile lase-Afrika. Izicukuthwane (ononhlevu) kwakungama-Afrika ayengamaKrestu futhi efundile. Ngenxa yalokho amanye amalungu asungula i-African National Congress, okuyiqembu elibusayo manje eNingizimu Afrika, aphuma e-Edendale. Abantu abamnyama base-Afrika abampofu kanye nabangaguqukile (omakhul'ehlupheka) basala emngceleni walomphakathi.

Indawo yase-Greater Edendale manje seyakhiwe izigodi zendabuko ngaphansi kobuholi bendabuko ezaziwa ngokuthi iVulandlela, amalokishi (iMbali, kanye ne-Ashdown) ngaphansi kokulawulwa ngumasipala, umhlaba wabantu abanamatatiyela nalowo onemijondolo. I-Edendale ngokwanamuhla lapho

abanikazi banamatatiyela kubekhona nezindawo ezingaphansi kukahulumeni wesifundazwe (IDP yoMsunduzi, 2021-2022).

I-Greater Edendale manje isiyingxenye kaMasipala uMsunduzi eMgungundlovu KwaZulu-Natal, eNingizimu Afrika. Umasipala waseMsunduzi uthatha indawo engu-635 Km² enabantu abalinganiselwa ku-617,000. Ingxenye yalaba bantu ihlala endaweni yase-Greater Edendale. Idolobha lingesibili ngobukhulu KwaZulu-Natal kanti futhi liyinhloko-dolobha yesifundazwe.

ZIQOQWE KANJANI LEZINDABA

Ngokugqugquzelwa nguSibongile Mkhize idlanzana labesifazane ababebambe iqhaza ekulweni nobandlululo ku-ANC kanye ne-UDF baba nezingxoxo mayelana nokushicilelwa nokuqoshwa kwezindaba zabesifazane ngomzabalazo eKZN Midlands. Kulezi zingxoxo kwasungulwa iqembu elincane elabe selicubungula kabanzi intshisekelo yalo futhi lenza umzamo wokuqala wokufinyelela kwabesifazane ababe bandakanyekile. Lokhu kwenziwa ngesimemo esabhalwa ngolimi lesiZulu emaphephandabeni endawo ngomhlangano ovulelekile owabanjelwa KwaZulu Natal Museum eMgungundlovu.

Abesifazane abambalwa bakha ithimba elisebenzayo ukuze baqophe futhi bashicilele izindaba zabesifazane emzabalazweni e-KZN Midlands. Okokuqala, sibheke ukuthi abesifazane bayafuna yini ukuxoxa izindaba zabo. Safaka isikhangiso ngesiZulu emaphephandabeni endawo ukuze simeme abantu besifazane emhlanganweni ovulelekile ozoba seMgungundlovu kulomhlangano abesifazane bathi bangakuthakasela ukuxoxa izindaba zabo.

Kuleliqembu elincane lihlanganise uSibongile Mkhize, uJabu Bhengu, Mabongi Mtshali kanye noFiona Bulman. Leliqembu lathola izeluleko kongoti abafana ne-KwaZulu-Natal Museum kanye ne-Centre for Adult Education eNyuvesi yaKwaZulu-Natal. Siphinde saxoxa nomsebenzi wasemtapweni wolwazi e-Alan Paton Centre kanye ne-Struggle Archives e-UKZN futhi kwavunyelwana ngokuthi zonke izinto eziqoshiwe kanye nemibhalo eqoshiwe izogcinwa khona. Izizukulwane ezizayo zizwe laba besifazane bexoxa izindaba zabo.

Emhlanganweni owawuse-Museum kwakhethwa owesifazane endaweni ngayinye kweziyisithupha (Esigodini, Caluza, Ashdown, Dambuza, Imbali kanye neSlangspruit) owavuma ukubiza labo abathanda ukuhlangana uma kufika isikhathi sokuxoxwa kwezindaba zabo. Kuthathe isikhathi eside ukuthi sikulungele ukwenza lokhu kwathi ngo-July 2018 saqala ukuhlangana namaqembu abesifazane.

Saqasha amantombazane amabili uThandeka Majola noSiyathokoza Hlophe ukuthi basize ekuqopheni lezindaba bese bezibhala phansi njengoba besitshela abesifazane. Lokhu kwakungeyona iphrojekthi yocwaningo; kwakungukuvumela laba besifazane ukuba baxoxe izindaba zabo ngokwenzeka kubo futhi zingashintshwa. Lesi kwakuyisithembiso sethu. Amalunga amabili eqembu lethu, uJabu Bhengu kanye noMabongi Mtshali, basiza ababhalisi ngokubuza imibuzo nokwenza isiqiniseko sokuthi wonke umuntu uyalithola ithuba lokuxoxa indaba yakhe.

Saqonda ukuthi kwabanye besifazane lokhu kuxoxisana kungase kubuyise izinkumbulo ezibuhlungu futhi sahlela ukuthi iSinomlando inikeze izeluleko (counselling) uma kudingeka.

Kwaba nemihlangano emithathu yamaqembu yonke eyenziwe ngesiZulu. Owokuqala kwaba ukwethulwa kwalomsebenzi. Sachaza isithembiso sethu sokuthi sizothola indlela yokuthi abantu bafunde izindaba zabo futhi ngeke siguqule amagama abo noma izindaba zabo. Labo abesifazane ababebambe iqhaza kulamaqembu basayina ifomu bevuma ukuthi singawashicilela kodwa futhi bazi ukuthi bangahoxa basuse izindaba zabo noma inini uma bethanda.

Emhlanganweni wesibili uJabu noMabongi babuza lemibuzo:

- Uzalwe nini, wazalelwa kuphi?
- Uqale nini ukuhlala eDambuza?
- Bewenzani ngeminyaka yama-80s?

- Yiziphi izehlakalo ngeminyaka yama-80s kanye nasekuqaleni kwama-90s ozikhumbula kahle?
- Lezizehlakalo zibe namuphi umthelela kuwe, emindenini wakho, emphakathini wakini?

Ezinye zalezindaba zazizinde kanti ezinye zazimfishane. Lokhu kungenzeka ukuthi babengasakhumbuli okunye noma bakuzwa kunzima ukukhuluma ngendaba yaleziyazikhathi. Kukho konke lokhu bekulalwena, kuhlonishwana futhi kunakekelwana ngesikhathi kuxoxwa lezindaba. Kukho konke kwakunosizi olukhulu ukubheka emuva kulezozinsuku kanye nalezo zigameko.

“NGAMAZWI ETHU”, kwakuyisibopho esenziwa kwabesifazane esihlonishwe ngoshicilelo lwezindaba zesiZulu kanye nokuhunyushelwa kwisiNgisi.



Sibongile Mkhize owathi kubalulekile lezindaba zixoxwe ziqophwe.

